ISOLEZWE (KZN)
06 Aug 2012, p.7

# Izitshudeni zase-DUT ziyohlomula ngolwazi e-USA

**NONHLANHLA MKHABELA**

BAZOYOCIJA amakhono abo phesheya abafundi abane baseDurban University of Technology (DUT) abathole imifundaze ngenxa yokwenza umsebenzi oncomekayo ezifundweni zabo zezokuvakasha nokungcebeleka.

U-Ayanda Tsibela (20), Simphiwe Dube (22), abenza unyaka wesithathu, Demisha Moodley no-Evashini Munsami (19), abenza owesibili, bazothunyelwa emanyuvesi ahlukene ase-USA kanti bazohlala unyaka wonke befundela umsebenzi kuleliya lizwe.


Lo mfundaze uyingxenye yezinhlelo ze-Community College Initiative Programme.

Laba bafundi balithokozele leli thuba abalitholile ngoba bethi liyingqayizivele kanti lizobafundisa lukhulu ngamasiko nezindlela zokuphila zabanye abantu.

"Ngingowokuqala emndenini wami ukuthola ithuba elifana naleli, ngakho umndeni wami ujabule futhi uyaziqhenya ngami. Ngilijabulele leli thuba njengoba ngingakaze ngiphumele ngaphandle kwezwe," kusho u-Ayanda.

Le ntokazi ithi ayikholwa namanje ukuthi izowelela phesheya kwezilwandle kanti izizwa ikhethekile ngoba bebebaningi abekade befake izicelo zalo mfundaze kodwa yena waba kwabaphumelele.

USimphiwe uthi noma unina enokuba buhlungwana ngokuhamba kwakhe kodwa ujabule nomndeni wonke.



**ABAFUNDI base-DUT abahlomule ngomfundaze wase-USA. Kusuka kwesokunxele u-Evashini Munsami, Mnuz Erasmus Mnguni, oyinhloko yomkhakha wezifundo zezokuvakasha eDUT, Ayanda Tsibela, uMnuz Jaya Naidoo, Demisha Moodley noSimphiwe Dube**

"Ngikhuluma nje, bangenzele umcimbi wokungivalelisa ngoMgqibelo," kubeka leli bhungu ngentokozo.

Namhlanje bazobhekisa amabombo khona e-USA kanti u-Evashini yena uzohamba phakathi kuka-Agasti sebelandela uDemisha yena osevele ephesheya.

UMnuz Jaya Naidoo waseDurban University of Technology uthe laba bafundi bazofunda okuningi e-USA.